Ushaka, Galleria Mall, Berea Centre & The Ridge Shallcross
clocks boxes
time files
POSITION
(031) 3082003
071 265 1665 dbn/jhb
Phasa esikoleni / interview.
Sidiliva noma ukude.
email: kzn.classifieds@inl.co.za
(031) 3082003
071 065 0590 / 031 825 1755
Wina iLotto Casino, amacala Nokuye okuningi



# UCele ushumayele olwamahlathi

BAWINILE NGCOBO

KUGQUGQUZELWE intsha ukuthi ingayibukeli phansi imisebenzi emkhakheni wezolimo, amahlathi nokudoba.

IPhini likaNgqongqoshe wezoLimo, ezamaHlathi nokuDoba, uMnuz Bheki Cele ngoLwesihlanu ligqugquzele intsha ukuthi ingene kulo mkhakha.

UCele ubekhuluma eCedara, eMgungundlovu ngesikhathi kwethulwa uhlelo lwentsha engu-200 engoyokuqala kulolu hlelo okuhloswe ngalo ukuthi intsha izibandakanye nemikhakha ebiyaziwa njengeyabamhlophe phambilini.

Ukwethulwa kwalolu hlelo kubikezela ukuza kwengqungquthela yesi-14 yamahlathi emhlabeni ezoba okokuqala lapha e-Afrika.

Le ngqungquthela izoba seThekwini, ngo-7 kuya ku-11 Septhemba nonyaka.

Intsha engu-200 ezibandakanye nalolu hlelo obelwethulwa ifunda oGrade 11 no-12, abanye benza izifundo zezolimo namahlathi ezikhungweni zemfundo ephakeme kanti abanye bazibandakanye nalo mkhakha.

UCele uthe abafundi abasemazingeni aphakeme nasemanyuvesi banikwa ulwazi ngemisebenzi abangayenza ophikweni lwezoLimo, amaHlathi nokuDoba.



INGXENYE yabafundi bezolimo ekholishi laseCedara bezolalela inkulumo yePhini likaNgqongqoshe wezoLimo, ezamaHlathi nokuDoba, uMnuz Bheki Cele

Izithombe: PATRICK MTOLO

"Abafundi abakhetha ukusebenza kule mikhakha bathola imifundaze besaseHigh School. Uma beqeda banikwa enye imifundaze yokungena emanyuvesi," kusho uCele.

Uthe kusuka ngo-2004 kuqalwa lolu hlelo isifundazwe iKwaZulu-Natal sesihlomule ngaphezu kwezinye izifundazwe.

Kubafundi abangu-277 abahlomule kulolu hlelo, abangu-143 bebesuka KwaZulu-Natal.

UCele uthe kunabathweswe iziqu abangu-60 abebelekelelwa yilolu hlelo kanti kulaba abangu-46 baqhamuka KwaZulu-Natal.


Uthe lokhu akumangazi ngoba le ntsha ihlala eduze kwamahlathi amakhulu, akusiyo into abangayixwaya amahlathi.

"Uma nazalwa nakhula eduze kwamahlathi, kungani ningakusebenzisi lokhu ngokuthi nifunde ngawo nisebenze ngawo?" kubuza uCele.

UCele ugqugquzele abafunda uGrade 11 no-12 ukuthi benze imikhakha engaphansi komnyango wakhe.

Uthe badinga umuntu ophasa kahle izibalo nesayensi.

"Uma ungaphasa kahle lokhu



IPHINI likaNgqongqoshe wezoLimo uMnuz Bheki Cele likhuluma nabafundi ekolishi lezolimo eCedara

bese uyahlangabezana nazo zonke izimfuno zokuthola umfundaze, thina sizobe sesikhokha konke okubalwa imali yesikole, eyokuhlala, ukudla nemali yanyanga zonke kwasenyuvesi," kusho uCele.